

Ibungaze i-International Womans Day imbokodo yaseMnambithi



Uphiko lwabesifazane likaKhongolose i-ANC Womans League,imbokodo evela kumabandla ahlukeni eMnambithi bethamele umcimbi wokubungaza omame i-International Womans Day.



UCllr S.R Mfusi ethula inkulumo yokugquzela abesifazane kulomcimbi obubanjelwe e-Tsakane

Thabile Nxumalo

I-ANC Womans League ibambisane nesekela leMeya yaseMnambithi uCllr S.R Mfusi babungaze usuku lwabesifazane eligujwa umhlaba wonke i-International Womans Day.

Lomcimbi ububanjelwe ehhlo lomphakathi laseTsakane eSteadville mhla zingu 8 March 2015.

Abamaqembu amaningi ezinhlangano zabesimame, abezinkonzo ezahlukeni bebemenyiwe ukuzobungaza lolusuku.

Isekela leMeya kamasipala waseMnambithi lethule inkulumo yokweluleka abesifazane abebethamele lomcimbi. Kwinkulumo yakhe uCllr Mfusi wathi, “Abantu besifazane kumele bazibambe ziqine ekuthuthukiseni izwe lethu siqede ukucwasana ngobulili kanye nangokwebala”, ube eseqhubeka ethi, “Kufanele sithole indlela yokulungisa ukucindezeleka okwenzeka ngesikhathi sengcindezi ikakhulu kubantu besifazane”uMfusi echaza.

Eqhubeka ubeke wathi “Imbokodo kumele ibe inxenye yabantu ababumba indlela izwe lethu elisebenza ngayo”uMeya esephetha.

Imbokodo ibihlangene ukuzokhuluma ngezimo abesifazane ababhekana

nazo imihla ngemihla, nanokucobelana ngolwazi ngokuzimela kwabesifazane njengezakhamuzi zaseNingizimu Afrika.

Kokunye okubekiwe kulomcimbi ukubamba ijokwe ekulweleni amalungelo abesimame kanye nenhlonipho emisebenzini, emakhaya kanye nasemiphakathini abaphila kuyo.

Omunye wabefundisi abebekulomcimbi uMfundisi Mtshali, ugquzela abesifazane ukuba bakhulekele izwe laseNingizimu Afrika.

Ube esehola umkhuleko wabo bonke abangasebenzi, abahlwempu, abagqilazwa izidakamizwa, ukukhulelwa kwabantwana abancane kanye nodlame olubhekiswe kwabesifazane nezingane.

Kube sekunxuswa ngokugcizelela ukubaluleka kokuhambela imihlangano efana nalena ngoba luningi ulwazi oluhabulayo olungakusiza wena uqobo noma omunye oseceleni kwakho.

“Abantu besifazane kumele

Yazi inani lento oyifunayo



Xolani Mgadi

Njengoba ngenyanga endlule besithi zihlele bese wakha nobudlelwane obuzokusa empumelelweni, ngifisa sithi ukuyijulisa lendaba yethu ngokuthi sithi “YAZI INANI LENTO OYIFUNAYO”, ngifunde ukuthi ayikho into yamahhala lapha emhlabeni.

Yonke into inenani layo okumele ulikhokhe, kungaba imali, isikhathi nokusebenza ngokuzikhandla. Noma kungaba iyiphi into ongazimisele ukuyikhokhela kuncono ungayenzi noma ungabi nayo.

Ukuze ngibhale le ngosi ngikhokhe isikhathi sami nomqondo ngifunda izincwadi ngenza nocwaningo.

Ngokunjalo nawe ukuze ufike empumelelweni kuzomele wazi ukuthi usuzihlelele wabathola abantu abazokulekelela ukufika khona, konke sekusele kuwe ukuba wazi inani lento oyifunayo.

Umfundi wesikole kunoma ngabe iliphi izinga akwanele ukuba ne-time table yokuthi uzofunda nini kanjani, nokuba nabangani azofunda nabo kepha sekumele kube nezinto azozidela azinikele emsebenzini wesikole, asebenze ngokuzikhandla.

Umuntu osebenzayo ofuna ukukhushulelwa kwesinye isikhundla naye kuzomele azi ukuthi kudingekani ukuze akhushulelwe kuleso sikhundla. Mhlawumpe kuzomele abhalise izifundo ezithile esikhungweni zemfundo ephakeme, lokho kusho ukhuluka namali, isikhathi obusichitha nabangani ngeke sisafana.

Noma kuzodinga ukhombise ubuncweti nje emsebenzini owenzayo (excellence), uhambise okudingwa umphathi ngaphambi kwesikhathi esinqunyiwe, ungafiki sesishayile isikhathi sokungena, ukwazi nokusebenzisana nabantu. Ngisho ufisa ukungena ebhizinisini kuzomele wazi ukuthi uzokhokha inani lalokho okufunayo.

Indlela eya empumelelweni iyakhokhelwa akukho ukunqamulela ngoba ukunqamulela kuzonqamulela impilo yakho.

Kumele usebenze ngokuzikhandla, uzinikele ngesikhathi sakho nangakho konke, uphokophele phambili.

Ukukhuthala,ukuzinikela entweni oyenzayo kuhlomulisa ngenzuzo enkulu ngakho ke yazi ukuthi udingani ukuze ufeze nomangabe iliphi iphupho onalo.